

Cambridge IGCSE™

ISIZULU AS A SECOND LANGUAGE

0531/02

Paper 2 Listening

October/November 2025

TRANSCRIPT

Approximately 50 minutes (including 6 minutes' transfer time)

This document has **12** pages. Any blank pages are indicated.

E: Cambridge Assessment International Education, Cambridge IGCSE IsiZulu as a Second Language, November 2025 examination, Paper 2, Listening.

[BEEP]

Umsebenzi 1

Uzozwa izinkulumo ezimfushane eziqoshiwe eziyisishiyagalombili. Embuzweni ngamunye, faka uphawu (✓) ebhokisini elifanele: u-A, u-B, u-C noma u-D.

Uzozizwa kabili lezi zinkulumo.

R1: Umbuzo 1

Indoda iwushiyephi umakhalekhukhwini wayo?

PAUSE 00'03"

- M:** * Sithandwa, angiwuboni umakhalekhukhwini wami. Kungenzeka yini ukuthi usale esitolo sokudla ngesikhathi sidla isidlo sasemini?
- F:** Awusalanga nje emotweni? Kodwa cha, ngeke kube njalo ngoba uwusebenzisile ukubheka isikhathi ngesikhathi singena ekhaya. Mhlawumbe uwushiye ekamelweni.
- M:** Bese ngikhothliwe ukuthi ngike ngaya ekamelweni ngahlala embhedeni ngesikhathi sibuya. Phela bese ngithukile ngoba ngingawuboni lapha esihlalweni ebengihleli kuso. **

PAUSE 00'05"

REPEAT FROM * TO **

PAUSE 00'05"

R1: Umbuzo 2

Umfana nentombazane bakhetha ukwenzani ngempelasonto?

PAUSE 00'03"

- F:** * Sesiphumile isikole futhi isiqalile impelasonto. Ngakujabulela ukubuka ibhayisikobho ngenyanga edlule. Kumele senze okuhlukile kulokhu.
- M:** Uma izulu lilihle, singahamba siyodoba.
- F:** Uthini ngokuhamba siye epaki sibe nepikiniki, ngifisa ukuhlala ngifunde ibhuku lami elisha.
- M:** Nami ngingakujabulela ukuhlala epaki ngiziphumulele.
- F:** Okunye esingakwenza ukubhukuda edamini.
- M:** Kuzwakala kungaba mnandi nalokho kodwa ngicabanga ukuthi asikwenze ngenye impelasonto. **

PAUSE 00'05"

REPEAT FROM * TO **

PAUSE 00'05"

R1: Umbuzo 3**Ubani ozokhuluma kuqala nabafundi?**

PAUSE 00'03"

F: * Nginyanikhumbuzwa ukuthi ngoMsombuluko ozayo sizoba nezikhulumi ezizonichazela ngemisebenzi. Kuzoba khona udokotela olusizo kuleli dolobha lakithi kanye nentatheli enihlale niyibona komabonakude. Sibe nenhlanhla ukuthola nommeli owayengumfundi kuso lesi sikole ozokhuluma ngaphambi kwalaba esengibabalile. Yena-ke, uzokhuluma emva komculi engikhulwa ukuthi nimthanda nonke. **

PAUSE 00'05"

REPEAT FROM * TO **

PAUSE 00'05"

R1: Umbuzo 4**Umfana uthandeni ephathini?**

PAUSE 00'03"

F: * Beyinjani iphathi yomngane wakho?

M: Beyimnandi ngempela. Mina ngisize ngokosa inyama ngesikhathi abanye bezidlalela amakhadi. Abantu abaningi bayithandile inyama. Kudlale nomculo owenze abantu badanse. Ngithokoze kakhulu lapho ngibona ukuthi uSenzo usijabulele isipho engimthengele sona. Phela benginovalo lokuthi kungenzeka angasithandi. **

PAUSE 00'05"

REPEAT FROM * TO **

PAUSE 00'05"

R1: Umbuzo 5**Umfana uzohamba emva kokwenzani?**

PAUSE 00'03"

F: * Themba! Awukahambi namanje?

M: Cha, mama. Bengisaqedela ukuhlanza izitsha.

F: Bekumele ngabe ukwenze ekuseni lokho.

M: Yebo kunjalo, kodwa ngiqale ngokugeza. Emva kwalokho ngadla isidlo sasekuseni ngoba ngizobanosuku olude.

F: Ngiyakuzwa kodwa phuthuma ungaze ushiywe yisikhathi.

M: Ngizoxubha nje amazinyo bese ngiyahamba. **

PAUSE 00'05"

REPEAT FROM * TO **

PAUSE 00'05"

R1: Umbuzo 6**Intokazi ifike ngani emsebenzini?**

PAUSE 00'03"

M: * Angikubonanga esitobhini sebhasi namuhla ekuseni, bengicabanga ukuthi awuzi emsebenzini.**F:** Bengihlele ukuhamba ngesitimela namuhla ngoba isiteshi esisha siseduze kunesebhasi.**M:** Yebo, uqinisile lapho.**F:** Kodwa ngizithole sekufanele ngithathe itekisi ngoba angikwazanga ukuvuka ngesikhathi. Ngiphuzile ukulala izolo ngoba sibuye ebusuku kakhulu. Phela imoto yethu ibe nenkinga yethaya. **

PAUSE 00'05"

REPEAT FROM * TO **

PAUSE 00'05"

R1: Umbuzo 7**Umfana usevame ukwenzani olwandle?**

PAUSE 00'03"

M: * Kumnandi ukuya olwandle nomndeni wami. Amanzi olwandle wona ayabanda osekwenza ngazijwayelela ukudlala ibhola esihlabathini uma sivakashele khona. Umfowethu uchitha isikhathi emanzini noma kunjalo. Ngikhumbula sisebancane ukuthi sasiwasaba amanzi size sikhethe ukudlala esihlabathini okuyinto umfowethu ayeyithanda kakhulu. Abazali bona bahlala ngaphansi kwesambulela bazixoxele izindaba zabo. **

PAUSE 00'05"

REPEAT FROM * TO **

PAUSE 00'05"

R1: Umbuzo 8**Intokazi izodlani?**

PAUSE 00'03"

M: Ungathanda ukudlani namuhla? Ngike ngazama inkukhu yabo ehamba nesaladi. Ngiyazi nawe ungayithanda kakhulu. Mina uyangazi ukuthi ngizithandela i-pizza futhi ngizokhetha yona nanamuhla.**F:** Ngingumuntu othanda inhlanzi namazambane athosiwe. Ngiyafisa ukuyizama le nkukhu ngokuzayo. Ngibone nesobho. Uyazi ngiyalithanda nalo ngakho-ke ngizolizama mhla kubanda.**M:** Kulungile, konke ukudla kwalapha kumnandi. **

PAUSE 00'05"

REPEAT FROM * TO **

PAUSE 00'05"

R1: Uphela lapha Umsebenzi-1. Manje dlulela kumsebenzi-2.

PAUSE 00'05"

R1: Umsebenzi 2

Uzozwa izinkulumo ezimfushane eziqoshiwe eziyisihlanu. Embuzweni ngamunye, faka uphawu (✓) ebhokisini elifanele: u-A, u-B noma u-C.

Uzozizwa kabili lezi zinkulumo.

PAUSE 0'05"

R1: Uzozwa abantu abasha bexoxa ngokuya enyuvesi.

Funda imibuzo-9 no-10.

PAUSE 00'15"

- M:** * Uyazi, eminyakeni emibili edlule bengiyibona iyinto ekude indaba yokuya enyuvesi.
- F:** Bheka manje, kungekudala sizobe sihleli emagumbini okufunda akhona amakhulu. Ukuyohlala kwelinye idolobha nakho kuyangesabisa.
- M:** Uyazi nginalo uvalo lokuhlala ngaphandle komndeneni wami. Khona nezifundo zakhona angazi zizoba njani.
- F:** Izifundo aziyona inkinga kimi.
- M:** Uzokhetha izifundo zamuphi umkhakha?
- F:** Angikabi naso isiqiniseko. Wena?
- M:** Ngangithanda ukuba ngusomabhizinisi. Kodwa, abazali bathi angifundele ukuba ngudokotela ngakho ngikhethe wona-ke umkhakha wezempilo. Abanye abangane bami bafake izicelo ezifundweni zobunjiniyela, noma kulukhuni ukuthola isikhala ngoba baningi abafaka isicelo sokwamukelwa khona. **

PAUSE 00'05"

REPEAT FROM * TO **

PAUSE 00'05"

R1: Uzozwa ingxoxo ngomdlalo webhola.

Funda imibuzo-11 no-12.

PAUSE 00'15"

- F:** * Uyazi ngisebuhlangu ngokuthi awukwazanga ukubuka nami umdlalo wokugcina wesizini bukhoma.
- M:** Nami ngokunjalo. Phela umdlalo omkhulu kanjeya udinga uwubuke enkundleni, hhayi kumabonakude uwedwa endlini. Khona bengingaya kwamngane wami kodwa ngibone kungenamehluko nje.

F: Uphuthelwe ukuzibonela ngawakho amehlo abalandeli beqembu eliphikisayo. Phela bese sivelelwe yibona besichukuluza ezinkundleni zokuxhumana. Ubungabona indlela ebekuthule ngayo ohlangothini lwabo ngesikhathi bephuma. Ngibe sengihlanganyela nabanye abalandeli ngesikhathi becula, begxuma emgwaqweni. **

PAUSE 00'05"
REPEAT FROM * TO **
PAUSE 00'05"

R1: Uzozwa intombazane ixoxela umama wayo ngomumye wabangane bayo.

Funda imibuzo-13 no-14.

PAUSE 00'15"

F: * Sawubona Mama! Ngicela wazise ubaba ukuthi ngeke ngikwazi ukunivakashela kule mpelasonto ezayo. Kuzofika umngane wami uSibongile. Ngizomusa embukisweni wezilwane zasemanzini – angisakwazi nokulinda. Ngiyacabanga ukuthi uzofuna nokuya ezitolo ezidayisa izimpahla zokugqoka. Sizoya emakethe ngoMgqibelo ekuseni. Sasifunda enyuvesi eyodwa kodwa ngangingamazi ngoba sasisemikhakheni ehlukeni. Saqala ukuzwana sesigibela ibhasi elilodwa ngonyaka engaqala ngawo ukusebenza. Siphinde sahlanguka ngonyaka odlule ngesikhathi eqashwa enkampanini engiyisebenzelayo kodwa kwelinye idolobha. Ngizonibona emavikini amabili azayo. Ngiyakuthanda, usale kahle! **

PAUSE 00'05"
REPEAT FROM * TO **
PAUSE 00'05"

R1: Uzozwa intokazi ikhuluma ngendawo yokwenza izinwele.

Funda imibuzo-15 no-16.

PAUSE 00'15"

F: * Kuyangicacela ukuthi sekumele ngifune enye indawo engizokwenza kuyo izinwele zami. Ngifike ngesikhathi esivumelene ngaso kodwa baze bangiqala emva kwehora lokhu kuyangidina. Sekungokwesibili lokhu kwenzeka – kuyanyanyisa! Angiyithandi nendlela abangiluke ngayo. Ngangihehwa amanani abo. Yilokho engikuzuzayo ngokusebenzisa izikhangiso ezitholakala ku-*instagram*. Kumele ngizidele nje ngiye kule ndawo esanda kuvulwa engifunde ngayo ephaphandabeni ngenyanga edlule. Ngeviki eledlule kukhona namakhasimende ami amabili angixoxele ngendlela abashesha ngayo kule ndawo entsha. **

PAUSE 00'05"
REPEAT FROM * TO **
PAUSE 00'05"

R1: Uzozwa abantu abasha bekhuluma ngokusebenzisa amabhayisikili.**Funda imibuzo-17 no-18.**

PAUSE 00'15"

- F:** * Usuku lwami aluqalanga kahle. Ngifike emva kwesikhathi ngenxa yesiminyamina sezimoto. Bekuzosiza ukuba sonke nje sisebenzisa amabhayisikili.
- M:** Nami ngifike isikole sesingenile namuhla. Isimo sezulu senza kungabi lula ukusebenzisa ibhayisikili nsuku zonke.
- F:** Ngicabanga ukuthi ukuphepha kuyinkinga enkulu. Sengikhumbula ukuthi ngibone insizwa igibele ibhayisikili ingasifakile isigqoko sokuzivikela. Kanti ngolunye usuku selishonile ilanga, ngabona omunye umuntu owayehamba ngebhayisikili ewela umgwaqo egqoke izimpahla ezimnyama. Bobabili babengalimala kabi. Kuyethusa! **

PAUSE 00'05"

REPEAT FROM * TO **

PAUSE 00'05"

R1: Uphela lapha Umsebenzi-2. Manje dlulela kumsebenzi-3.

PAUSE 00'05"

R1: Umsebenzi 3

Uzozwa umfundi ethula inkulumo ngoMpumelelo ongosomabhizinisi osemncane. Embuzweni ngamunye, faka uphawu (✓) ebhokisini elifanele: u-A, u-B noma u-C.

Uzoyizwa kabili le nkulumo.

Funda imibuzo-19 ukuya ku-26.

PAUSE 00'40"

- F:** * Kusukela esemncane, uMpumelelo Mthembu wayehlale enogogo ngezimpelasonto nangamaholide ezikole. Kwakusiza nokuthi ikhaya lakhe laliseduze ngakho babemshiya kuye ekuseni uma beya emsebenzini. Ugogo wakhe wayehlala naye ekhishini ngesikhathi epheka yonke inhlobo yokudla okumnandi.

Waqala esemncane ukwazi ukupheka. Eseneminyaka eyi-17 ngaphandle kokusizwa ngugogo, wazenzela ujamu wamapentshisi owawuthandwa kakhulu emndenini. Ngonyaka olandelayo wayesenokubhaka ngezinye izikhathi.

UMpumelelo wayekhiqiza ujamu ayewuhambisa emindenini eyi-18 njalo ekupheleni kwenyanga. Emva kwalokho, ngokukhuthazwa ngokwakushiwo ngabantu ngojamu wakhe wathatha isinqumo sokuyowudayisela izitolo ezisedolobheni langakubo.

Izinto azihambanga ngendlela ayeyilindele ezitolo. Noma wayephoxekile kodwa abazali bakhe bamkhuthaza ngokumkhumbuza ukuthi wayesawathola amakhasimende amasha emphakathini. Kwathi esyedwa wakhumbula okwakushiwo yimennenja yesinye sezitolo ukuthi ukuze bawuthathe umkhiqizo wakhe bawudayise kwakumele alungise izinto ezithile njengokuthola into engcono yokufaka ujamu. Waphendula ukuphoxeka okuncane kwaba yithuba lokukhula.

Ubaba wakhe wamsiza ngokumxhumanisa nomngane wakhe owayengumphathi wenkampani eyayifaka imikhiqhizo yokudla emakhathonini. Wafunda lukhulu lapha njengoba wayecabanga ukufaka ujamu ekanini. Wathi esebuyisela ujamu wakhe ezitolo wawusemabhodloleni ayenamaphepha abhalwe izithako kanye neminye imininingwane.

Imenenja eyayikade ikhulume noMpumelelo ekuqaleni yachazeka. Ngakho-ke ujamu wakhe wawuzodayiswa kodwa kwakuzoqala kube inyanga eyodwa. Wayenovalo uMpumelelo lokuthi abantu bazowuthenga yini ujamu wakhe. Okwedlula lokho, wayesaba ukuthi kungenzeka ingabuyi imali ayebolekwe ngabazali bakhe ukuthuthukisa umkhiqizo wakhe. Wayefisa nokujabulisa ugogo wakhe ayeqambe ngaye igama likajamu.

Ujamu kaMpumelelo wawuthandwa. Abathengi babethenga amabhodlela ngamabili. Babefuna nokwazi ukuthi zikhona yini ezinye izinhlobo. Lokhu kuholele ekutheni kube nezinye izinhlobo ezintathu azikhiqiza ngalowo nyaka. Namuhla kunezinhlobo eziyisithupha ezitholakala ezitolo.

Namuhla uMpumelelo uyacabanga ngokulisabalalisa ibhizinisi lakhe nakwamanye amazwe apheresha. Kodwa imikhiqizo yakhe itholakala ezitolo zonke ezweni lakubo, eMalawi. Usezakhele igama njengomunye wosomabhizinisi abaqavile abasebancane. Uhlale ebizwa njalo ukuyokhuluma emicimbini yokukhuthaza abantu abasha abafuna ukuziqalela awabo amabhizinisi. **

PAUSE 00'10"

R1: Uzophinde uyizwe le nkulumo.

REPEAT FROM * TO ** PAUSE 00'10"

R1: Uphela lapho Umsebenzi-3. Manje dlulela kumsebenzi-4.

PAUSE 00'05"

R1: Umsebenzi 4

Uzozwa abantu abayisithupha bekhuluma ngobudlelwano.

Embuzweni-27 ukuya ku-32, khetha uphawu olulodwa kulezi ozinikiwe (ukusuka ku-A ukuya ku-H). Bhala uphawu olufanele (ukusuka ku-A ukuya ku-H) emgqeni wezimpendulo. Sebenzisa uphawu kanye kuphela. Kukhona izimpawu ezimbili ezengeziwe okungafanele uzisebenzise.

Uzozizwa kabili lezi zinkulumo.

Manje funda izitatimende ukusuka ku-A ukuya ku-H.

PAUSE 00'30"

R1: Isikhulumi 1

F: * Kubo bonke abangane engike ngaba nabo, akekho osefike kulo enginaye manje. UNosipho ufana newele. Lokhu kwenziwa ngukuthi sithanda izinto ezifanayo kusukele emculweni esiwulaleyo, ezimpahleni zokugqoka, kuze kufike ezintweni zokuchitha isizungu. Kunjengamanje sihlele ukuya eholidini – ave kuzoba mnandi.

PAUSE 00'10"

R1: Isikhulumi 2

M: Ubudlelwano phakathi kwami nezingane zakithi buhle isikhathi esiningi. Kodwa ziyaba khona lezo zikhathi lapho singaboni ngaso linye. Noma sisuke sinokuphikisana ngaphakathi sisuke singayekile ukuthandana. Ngikhumbula ngelinye ilanga umfowethu wavuka wadlala lo mculo wakhe onomsindo. Lapho mina ngangizama ukufunda. Saxabana ngalelo langa kodwa kwathi emini sengenza ukudla ngakhetha ukupheka into ayithandayo.

PAUSE 00'10"

R1: Isikhulumi 3

F: Uyazi umsebenzi engiwenzayo ulukhuni. Into eyenza ukuthi ngihlale ngibuyela lapha ukuthi sinomphathi onobuntu obukhulu. Ngivele ngikhumbule amazwi kababa wami okuthi inhlonipho uyayisebenzela. Nami ngifisa ukuba ngibahole kahle abantu abayosebenza ngaphansi kwami.

PAUSE 00'10"

R1: Isikhulumi 4

M: Angisoze ngamkhohlwa uthisha wami wesiZulu, umnumzane Ngcobo. Waba neqhaza elikhulu empilweni yami. Wayethanda izinja kakhulu futhi wasifundisa okuningi ngempilo esebenzisa zona izinja. Wayesikhathalela ngendlela emangalisayo. Umngane wami omkhulu wasesikoleni uhlale ekhuluma ngaye lapho sihlalanga ezitolo nakwezinye izindawo.

PAUSE 00'10"

R1: Isikhulumi 5

F: Ubaba uyindoda esebenza kanzima. Ayikho into engimfihlela yona ngoba ngiyazi ukuthi uyangithanda futhi uyangivumela ngibe yilokho engikuthandayo - akangehluleli. Ngiyakukhathalela ukuzwa imibono yakhe ngempilo nangezinqumo ezibalulekile empilweni yami.

PAUSE 00'10"

R1: Isikhulumi 6

M: Kwesinye isikhathi uRex ungenza ngizizwe ngifana nomuntu oqashwe nguye ukumnakekela. Ayikho into engizenzela yona ngingakamenzeli yena. Nalapho ngibuya emsebenzini, kumele ngihambe naye azelule. Angikhonondi ngoba uRex ulusizo lwangempela. Ngilala kahle ebusuku ngoba uxosha zonke izigebengu. **

PAUSE 00'10"

R1: Uzophinde uzizwe lezi zikhulumi eziyisithupha.

REPEAT FROM * TO **

PAUSE 00'10"

R1: Uphela lapha Umsebenzi-4. Manje dlulela kumsebenzi-5.

PAUSE 00'05"

R1: Umsebenzi 5

Uzozwa ingxoxo emsakazweni nomlingisi obizwa ngoZinhle osezakhele igama embonini yezamafilimu.

Embuzweni ngamunye, faka uphawu (✓) ebhokisini elifanele: u-A, u-B noma u-C.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Funda imibuzo-33 ukuya ku-40.

PAUSE 00'45"

M: * Sawubona Zinhle!

F: Yebo, sawubona.

M: Wazalelwa emndenini wabantu abangabanandisi, angithi kunjalo?

F: Kunjalo. Abazali bami bobabili bangabanandisi embonini yezamafilimu futhi sebeklonyeliswe izindondo eziningi. Umama wathola umqhele womlingisi oseqophelweni eliphezulu ngonyaka ka-1999. Kanti udadewethu yena ungumculi futhi uphinde asebenze nasemsakazweni.

M: Kungabe ikhaya owakhulela kulo lakufakela ingcindezi yokuba ulandele ezinyaweni zabo?

F: Lutho. Ubaba kakhulukazi wayengikhuthaza ukuthi ngingaba yinoma yini engiyithandayo. Ngicabanga ukuthi noma umsebenzi abawenzayo waba nawo umthelela ngoba lapho ngingedwa ngangihlale ngilingisela izinto umama ayezisho emafilimini. Empeleni kwaba wuthando nje olusuka ngaphakathi olwangenza ngagcina ngikulo mkhakha.

M: Yingakho nje namuhla ungomunye umuntu wabaphakamiselwe ukuthi angawina indondo yomdlali oqavile kumafilimu akuleli kulo nyaka. Unaye umuntu okuqeqeshayo?

F: Bangingi abangane bakamama abenza umsebenzi wokuqeqesha kodwa umama uthanda ukungiqeqesha yena ngokwakhe. Ubaba naye uyangisiza kwezinye izikhathi.

M: Uma ulingisa emdlalweni uyaye uzizwe kanjani ngomlingiswa odlala indawo yakhe?

F: Kuyashiyana. Kunemidlalo lapho kuba lula kimi ukuzifaka ezicathulweni zomlingiswa engidlala indawo yakhe. Kwesinye isikhathi kubiza ukuthi ngiyovakasha endaweni ethize noma ngixoxe nabantu abathize abazi impilo ehambisana neyomlingiswa engimdlalayo. Ukulingisa akulula, akunjengoba abanye becabanga. Yikhona nje ukuthi mina awukho omunye umsebenzi engizibona ngiwenza.

M: Uke uwakhohlwe amagama okumele owasho?

F: Yebo, kuyinto eyenzeka kuwo wonke umlingisi kodwa kungenza nginengeke. Kanti-ke okunye ukuthi kubambezela umsebenzi wokuqopha ngoba siyaye sithathe ikhefu lapho amaphutha esemaningana. Kodwa ngokomthetho umlingisi kulindeleke ukuthi afike esebafundile futhi bangena ekhanda olayini bakhe.

M: Ingabe ukuba ngumlingisi kuyiguqulile impilo yakho ngandlela thize?

F: Cha. Ngiqhubeka nento engikhule ngiyenza futhi ngiyithokozela. Ngiyayibona imiqhele nezindondo kodwa okusenzelisiyweni yami ukunandisa nokuthokozisa ababukeli bezinhlelo zakumabonakude nabathandi bamafilimu. Impilo yokuba ngusaziwayo angiyivumeli ukuba ingene ekhanda kakhulu.

M: Ulibona linjani ikusasa lakho?

F: Ngizibona nginenkampani yami eyenza amafilimu neqeqesha abalingisi abasaqala. Ngifuna ngempela ukudlulisela phambili ulwazi engilutholile nami kubalingiswa abasaqala. Bangingi abantu abangenayo inhlanhla engibe nayo yokuba nabazali abasemkhakheni engikuwo kanye nabangane abakwazi ukungisiza ngolwazi oludingekayo ukuze ngiqhubekele phambili.

M: Yini ongathanda ukubashiya nayo abalalele le ngxoxo yethu?

F: Impilo ikufundisa okuningi. Abazali bami bangisiza ukuthi ngibe nempilo eyimpumelelo. Bangingi abantu abangiphe izifundiso ezinhle empilweni kodwa ngangingeke ngifike lapha ukube angizimiselanga nami. Ngakho-ke, iseluleko esibalulekile engibashiya naso ukuthi baqaphelise okushiwo ngabanye, basebenzise wonke amathuba ukuba bafike lapho befisa ukufika khona. **

PAUSE 00'10"

R1: Uzophinde uyizwe le ngxoxo.

REPEAT FROM * TO **
PAUSE 00'10"

R1: Uphela lapha Umsebenzi-5.

Unemizuzu esiyithupha ukubhala noma ukukopisha izimpendulo ephepheni lezimpendulo elihlukile. Ngizokukhumbuza uma sekusele umzuzu owodwa.

PAUSE 05'00"

R1: Usalelwe umzuzu owodwa.

PAUSE 01'00"

E: This is the end of the examination.

BLANK PAGE

Permission to reproduce items where third-party owned material protected by copyright is included has been sought and cleared where possible. Every reasonable effort has been made by the publisher (Cambridge University Press & Assessment) to trace copyright holders, but if any items requiring clearance have unwittingly been included, the publisher will be pleased to make amends at the earliest possible opportunity.

To avoid the issue of disclosure of answer-related information to candidates, all copyright acknowledgements are reproduced online in the Cambridge International Education Copyright Acknowledgements Booklet. This is produced for each series of examinations and is freely available to download at www.cambridgeinternational.org after the live examination series.

Cambridge International Education is the name of our awarding body and a part of Cambridge University Press & Assessment, which is a department of the University of Cambridge.